# NGESABELO SEZIMALI SIKA 2010

## Umkhombandlela...

**Unyaka nonyaka ngoFebruari, ungqongqoshe wezeZimali wethula izinhlelo zikaHulumeni zokusentshenziswa kwemali, ukuqoqwa kwentela kanye namasu okubolekwa kwemali eminyakeni emithathu elandelayo. Lokhu kubizwa ngokuthi Isabelo Sezimali SikaZwelonke. Lokhu kuchaza indlela uhulumeni azimisele ukuqoqa ngayo imali yentela ukubolekwa kwemali. Kubuye kuchaze nendlela lemali ezosetshenziswa ngayo. Isabelo sezimali sikazwelonke sabela imali iminyango kahulumeni kazwelonke, izifunda kanye nomasipala.**

# Sifikile isikhathi!

Sekusele isikhathi esincane ukuthi imidlalo yebhola yomhlaba ka 2010 iqale. Izakhamuzi zase Ningizimu Afrika zithokoze kakhulu. Impumelelo yethu emidlalweni yendebe yeConfederation ka 2009 ilethe isasasa elikhulu. Iningizimu Afrika izwe lokuqala kwi Afrika yonke ukuthola le ngqayizivele yethuba isingatha lemidlalo.

Amalungiselelo aqala ngo 2004 kancane kwaphuculwa imigwaqo, ezokuthutha, izinkundla zokudlala kanye namabhilidi. Imisebenzi yokwakha emikhulu idale amathuba emisebenzi esikhulise umnotho.

Ukwakhiwa kwezinkundla zemidlalo kudale amathuba angama 130 000 okufake imali engange zigidigidi ezimbili zamarandi kulabo abamukela imali encane. Sikhuluma nje ilizwe lethu line zinkundla zemidlalo zika nokusho eziyishumi ekungabanjelwa kuzo eminye imidlalo eseqophelweni eliphezulu. Lawo madolobha ekwakhiwe kuwo lezi zinkundla azimisele ukuzisebenzisa emuva kwemidlalo yebhola yendebe yomhlaba.

Uhulumeni usebenzise amarandi ayizigidigidi ezingu 33 ukulungiselela le midlalo kanti futhi abase Ningizimu Afrika bazohlomula kakhulu nasemuva kwemidlalo. Uhulumeni ubeqaphile ukuze kungalahleki mali kulo mkhankaso.



Cishe zingu 13 izigidigidi zamarandi imali esetshenzisiwe ekwakheni imigwaqo yezwe lonke. Amadolobha amakhulu aze athola uhlelo lwe Bus Rapid Transport. Zingu 1.3 izigidigidi zamarandi ezisetshenziselwe ukuqiniseka ukuthi imidlalo izophepha nomkhankaso wokuqhubeka nokulwa nobulelesi.

Izwe lethu lizohlomula kakhulu uma samukela amakhulu ezinkulungwane ezivakashi ukusuka emhlabeni jikelele.

Le ndebe yomhlaba izosiza futhi ukubonisa ezokuvakasha futhi sinethemba lokuthi iningi lizobuya futhi lapha eNingizimu Afrika. Le ndebe yomhlaba kuzoba into ebaluleke kakhulu ekuthuthukeni kwezokuvakasha ezweni lethu.

Yisikhathi!

# Abaningi bazohlomula uma umnotho ukhula

Ukusukela ngoka 1994 uhulumeni usebenze ngamandla ukuvuselela umnotho owawukhinyabezekile ngaphansi kohulumeni wobandlululo. Ukusukela ngo 2001 baningi abantu abathole imisebenzi. Uhulumeni usebenzise izizumbulu zemali ukwakha izindlu, imfundo, imali yezenhlalakahle, ezokuhamba namanzi.

Noma kunjalo baningi abantu abasantula imisebenzi ikakhulukazi intsha. Ukuthola iholo ukusiza abantu ukuzikhipha nemindeni yabo kobuphofu. Kunzima ukuthi isizwe sicebe uma bebaningi kangaka abantu abangasebenzi.

Ekupheleni kuka 2008 umnotho awubange usakhula ngenxa yezinkinga kwezomnotho kumhlaba wonke.

Uhulumeni uthathe izinyathelo ukwenza ukuthi abampofu bangezwa ubuhlungu kakhulu ngokusebenzisa imali eningi, ngokukhuphula imali yezenhlalakahle nokudala amathuba emisebenzi.

Ukwenza ukuthi iningi lisebenze sidinga ukuthi umnotho ukhule ngokushesha futhi kufanele senze izinto ngendlela entsha. Imisebenzi emininingi idalwa zinkampani, kodwa kubalulekile ukuthi uhulumeni asize ukuthi amabhizinisi akwazi ukuqasha abantu futhi athole nenzala.

Uhulumeni kufanele asebenze nomphakathi, amabhizinisi kanye nezinyunyana zabasebenzi ukuthi kutholwe isisombululo ngalengqinamba yokusweleka kwemisebenzi.

Wonke umuntu kufanele afake isandla ukwenza ukuthi umnotho ukhule futhi kudaleke amathuba omsebenzi. Uhulumeni kufanele a thuthukise imfundo nokuqeqesha, aqikelele ukuthi imithetho eyenza ukuthi kube nzima ukusebenza iyaqaphelwa.

Uhulumeni wethu uzimisele ukwenza ngendlela entsha ukwenza ukuthi umnotho ukhule ngokushesha nokudala amathuba emisebenzi.

# Uhlelo olusha lokuphucula ukusebenza kukahulumeni

Ethula inkulumo yesimo sesizwe uMongameli uZuma wethule uhlelo lokuthuthukisa indlela uhulumeni asebenza ngayo. Lokhu kusho ukuthi kuzocaca kamhlophe okufanele kwenziwe nguhulumeni. Ezemfundo, ezempilo, ukulwa ubulelesi, ukuphucula amaphandle, ukudala amathuba omsebenzi nokuthuthukisa izindawo zokuhlala izinhlelo ezisemqoka ezifanele ukuphothulwa ngoka 2014.

Uhulumeni uzoqikelela ukuthi wonke umuntu uthola ugesi namanzi, nokuthi abantu baqeqeshelwa ubuchwepheshe kwezokusebenza ngezimpompi, ukusebenza ngogesi, ukwakha nokulungisa izimoto abuye futhi axhase amabhizinisi asemaphandleni.

Sekuningi okwenziwe ukusukela ngoka 1994, kodwa kusekuningi okulindelwe ngabantu. Sandile isibalo sabantwana besikole kodwa abaningi abasebangeni lesithathu abakakwazi ukufunda noma ukubhala kahle. Miningi imitholampilo kodwa baningi kakhulu abesimame abasashona bebeletha abantwana. Ziningi iziteshi zamaphoyisa, kodwa ubugebengu busabhidlangile.

Kwezemfundo isibalo sabantwana abakwazi ukufunda nokubhala ebangeni lesithathu singama 36 yiphesenti. Inhloso kahulumeni ukukhuphula lesi sibalo ukuya kuma 60 yephesenti ngoka 2014. Kwezempilo abantwana abangu 69 enkulungwaneni bayashona unyaka nonyaka. Lesisibalo kufanele sinciphe ukuya ku 30 - 35 enkulungwaneni.


Ongqongqoshe balindeleke ukuthi bashicilele isivumelwano noMongameli ngokuzokwenziwa iminyango yabo. Ungqongqoshe obhekene nokuthi kusetshenzwa kahle ehovisi lika Mongameli uzosiza ukwenza ukuthi ongqongqoshe beminyango yonke bafeze okulindelekile mayelana nezidingo zomphakathi.

Ukuhlela kanye nokubheka indlela ekusentshenzwa ngayo kubaluleke kakhulu kuhulumeni wentando yeningi. Noma kunjalo, abahlali base Ningizimu Afrika kufanele nabo bababe iqhaza ekwenzeni ukuthi uhulumeni wenza okufanelekileyo.

Ezinye izinhloso zikahulumeni yilezi:

- Ukwehlisa izinga lokuthelelana ngesifo sengculazi
- Ukwehlisa ubulelesi ikakhulukazi ukugqekezwa kwezindlu namabhizinisi kanye nokuphucwa kwezimoto ngodlame
- Ukuphucula izifundo zezibalo ne Sayensi

**Imali esentshenziswayo (zigidigidi)**




# Ukwenza okuningi ngengcosana

Isabelo semali sika2010 sikhombisa kahle kamhlophe ukuthi uhulumeni uzimisele ukwenza okuningi ngokuncane kodwa uqikelele ukuthi abantu bayazithola izidingo zabo. Uhulumeni usebenze kakhulu ukonga imali kuyo yonke iminyango, kangako kuba kongiwe izigidigidi ezingamashumi amabinimanhlanu kanye namakhulu asithupha (25.6) zamarandi ezizosetshenziswa ukuhlangabezana nezidingo ezisemqoka njengezemfundo nezempilo.

Bonke abasebenzela uhulumeni bafanele basebenzise imali ngokucophelela. Labo abanenkohlakalo kufanele bavezwe ukuze bajeziswe ngokomthetho.

Iqembu likahulumeni elibheka izindlela zokonga imali ela sungulwa ngo Ntulikazi kunyaka ka 2009 liqhubeka ngokufuna izindlela zokuqinisekisa ukuthi imali ayisetshenziswa budedengu. Uhulumeni uphinde wasungula iqembu elibhekene nokuvikela inkohlakalo kumathenda izoveza imiphumela kunge kudala. Labo bantu noma izinkampani ezisolwa ngokwenza lomkhuba bazobhekana nengalo yomthetho.

Kubalulekile ukuthi leyo madlana encane uhulumeni ayitholayo inwebeke ukuze izidingo zomphakathi zifezeke. Abasebenzi nabo kufanele baholelwe ngendlela efanele kodwa lokhu kungakhinyabezi umsebenzi kahulumeni. Abaphathi bezikhungo zikahulumeni abafuna amaholo aphezulu kodwa babe bengawenzi umsebenzi ofaneleyo abahambisani nhlobo nomoya womthethosisekelo. Kufanele ukuthi eminothweni esafufusa nje ngalo wase Ningizimu Afrika imali isebenze ngokwedlulele ukuze izimpilo zabantu bakithi zithuthuke.



## Amazwibela ngesabelo eminyakeni emithathu elandelayo:

### Amazwibela ngesabelo

- Izigidigidi ezingu 12.2 zamarandi zongezelwe ukunweba inani labantwana abazothola imali yezenhlalakahle ukufika kwabaneminyaka engu 18
- Kongezwe imali engu 2.7 izigidigidi ukuthenga izincwadi zokufunda kanye nezokubala kwaphinda kwanyuswa imali yokulekelela ezemfundo ephezulu
- Izigidigidi ezingu 15.1 zamarandi zizokhokhela oothisha bezikole nabamakholeji eFET, abezempilo kanye nalabo abasebenza emajele
- Abazokuvikela bazohlomula nabo kwizigidigidi ezingu 2.2 zamarandi zokunyusa amaholo abo
- Izigidigigidi ezingu 8.4 zamarandi zibekelwe ukubhekana nokunikeza abaphethwe ingculazi amaARV
- Izigidigidi ezingu 3.6 zamarandi zibekelwe ukuhlela imikhombandlela yezezimboni
- Izigidigidi ezingu 2.5 zamarandi zabelwe izinhlelo zemisebenzi yomphakathi
- 1 isigidigidi yabelwe ezokugcina umthetho
- Kongezwe iR2.8 yezigidigidi zamarandi ukulungisa ezokuhamba ezomphakathi, izingqalazizinda zemigwaqo nezika jantshi
- I 2.5 yezigidigidi yabelwe ingqalasizinda koomasipala kanti i6.7 yezigidigidi izosiza ukunika izinkonzo zesihle
- Isigidigidi sibekelwe ukuthuthukisa amaphandle, kanti i1.2 yezigidigidi zamarandi izolungisa ingqalasizinda yamanzi nezangasese. 1.5 izigidigidi zezingu izonikezwa iLand Bank ukuseka ukuphucula amaphandle
- Kongezwe 1 isigidigidi ukwakha izindawo zokuhlala ne 0.5 yesigidigidi samarandi ukwakha ingqalasizinda yamanzi

### Imali yezentlalakahle

| Rand | 2009/10 | 2010/11 |
|---|---|---|
| Impesheni yabadala | 1 010 | 1 080 |
| Imali enikwa abakhubazekile | 1 010 | 1 080 |
| Imali esiza ukondla izingane | 240 | 250 |
| Imali enikwa ukubhekela izingane ezingena bazali | 680 | 710 |
| Imali yokubhekela abadinga ukunakekelwa | 1 010 | 1 080 |
| Imali yokubhekela amasosha asekhulile | 1 030 | 1 100 |
| Imali yezenhlalakahle | 240 | 250 |

### Ezentela

- Intela yabantu izokwehla ngo 6.5 izigidigidi zamarandi
- Luzoyekwa uhlelo lokutomula intela kulabo abasebenzayo iSITE (standard tax on employees)
- Intela emafutheni okuhamba kanye nemali yokubhekela abasezingozini zezokuthutha izonyuka nge 25.5 ilitha ukusuka ngoka 7 Apreli 2010
- Iphakethe losikilidi abangu 20 lizobiza ngaphezulu ngo R1.24
- Ibhodlela lewayini elingama 750 ml lizonyuka ngamasenti angu 12
- Ikani likabhiya (340 ml) lizonyuka ngamasenti angu 6.5, kanti
- Ibhodlela likagologo lizonyuka ngo R2.22